*Ukuhambisana*
Illustrated by Louwrisa Blaauw
Written by Jade Mathieson
Designed by Bianca de Jong
with the help of the Book Dash participants in Johannesburg on 27 June 2015.
Translated by Robert Mchunu

ISBN: 978-1-928365-70-9

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

Lapho sihamba ngezinyawo nendlela iyinde, sizohambisana futhi siziculele.



walking-together_interior.indd 6 2016/05/05 1:06:42 PM

Nginawe futhi nawe unami. Umndeni wethu uyakujabulela ukuhamba.



Ngizokugcina ufudumele njengoba kwenza isikhukhukazi. Sigcina amatshwele aso efudumele ngaphansi kwamaphiko aso.



Uma imvula evela esibhakabhakeni iqala ukuna, ngizogcina ubuso bakho bomile njengaleso sigqoko esihle.





Lapho amafu esiphepho eqala ekudinwa, ukuthukuthela nokucasuka, yima isibindi, ukhalelani? Awuwedwa.



walking-together_interior.indd 14 2016/05/05 1:06:50 PM

Siyahambisana ngakho ngeke silokothe sibe nesizungu. Bheka phezulu! Bheka eduze kwakho! Bheka izinto esesizibonile!



Uma ubona okuthile okuhlekisayo, nami ngiyafuna ukukubona. Ngicela ungitshele ngako!



walking-together_interior.indd 18 2016/05/05 1:06:55 PM

Uma izinyawo zakho ziqala ukuba buhlungu ngenxa yohambo esiluhambile, ungakhathazeki, sesifikile! Ekugcineni, nanku umtholampilo.





Sonke siyakudinga ukuba imiqala, amaphaphu nendlebe zethu kuhlolwe. Njengoba ukhula qina, asikho isidingo sokukhala.



walking-together_interior.indd 22 2016/05/05 1:06:59 PM

Ingabe ucabanga ukuthi kuyethusa? Bamba isandla sami. Ngaleli bhande lengalo elihlakaniphile uzohlola umfutho wegazi lakho.



Basinikeza imithi yethu, basitshele okufanele sikwazi, ukuze sonke sibe nemipilo enhle. Manje sesibuyela ekhaya.



Akukho okubi ngokukhathala, kuningi kakhulu esikubonile. Manje yisikhathi sokuba ulale. Ulale kahle futhi uphuphe kamnandi.



walking-together_interior.indd 28 2016/05/05 1:07:05 PM

